

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Ntulikazi 2018 Ushicilelo 2

Celebrating the life of an icon



"I seem to arrive more firmly at the conclusion that my own life struggle has had meaning only because, dimly and perhaps incoherently, it has sought to achieve the supreme objective of ensuring that each, without regard to race, colour, gender or social status, could have the possibility to reach for the skies."

Nelson Mandela

“ 100 ”

Nelson Mandela
Centenary
2018
Be the Legacy



NHI a leap to improved health care

Page 6



Textile designer taking African craft to the world

Page 8



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

Uma impilo ikujikijela ngolamula, batshale

UHLELO LOKWESEKWA NOKUTHUTHUKISWA Kwabalimi lusiza imiphakathi ehluphekile kanye nabantu ikakhulukazi labo bahlomula ohlelweni Lokwabiwa Kabusha Komhlaba.

Amukelani Chauke

UMnyango wezoLi-mo eNtshonalanga Kapa uqhuba uhlelo olusiza abalimi abasha nasebethuthukile ngamasu okubeseka kusukela ngosuku lokuqala - lapho bedinga usizo lwezimali - kuze kube yilapho sebezimele.

Uhlelo Lokweskwa Nokuthuthukiswa Kwabalimi selusize abantu abasha abanjingo Wayne Mansfield (oneminyaka engama-33 ubudala) wasePaarl, osuke ekubeni asebenze njengomdayisi kamalume wakhe eMakethe yaseKapa ngesikhathi esa-funda isikole njengoba manje esedayisa olamula bakhe abatshale esiqeshini somhla-ba asiqashile.

Eminyakeni eyishumi eyedule, ngesikhathi engusomabhisinisi oneminyaka engama-23 ubudala, uMansfield walahlithuba lokusebenza epulazini ayebheka kulona olamula ukuze athengise kabusha. Ngaleso sikhathi wayengenandaba nokulima.

Kodwa-ke, iminyaka emba-iwa eyalandela, wawushi-



Umlimi osemncane u-Wayne Mansfield (33) wase-Paarl usuke ekubeni ngumdayisi ohamba edayisa esebezenza umalume wakhe eMakethe YaseKapa ngesikhathi esa-funda isikole wayoba ngumlimi ohwebelana namanye amazwe ngolamula awulime esiqeshini sakhe somhlabasiqashile.

ntsha umqondo lapho ebona ukukhula kwesidingo solamula.

"Ngaphinde ngabona ukuthi abalimi babenza okwakwenziwa yithina badayisi abahamba ngezinyawo - babepakisha isitokwe sabo bese besidayisa eMakethe yaseKapa. Ngabona ukuthi kungekudala thina badayisi abahamba ngezinyawo sizophelwelwa indawo yokudayisa, "kusho yena.

Ngomnyaka wezi-2013, umlimi wasendaweni wavuma ukucebisa uMansfield futhi wamqashisela amahektha ayi-12 omhlaba. Waphinde

wamfakela uhlelo lokunisela olwenza uMansfield akwazi ukutshala.

Ngonyaka wezi-2015, wakwazi ukudayisa ngaphandle lwaleli cishe amathani angama-31 kalamula futhi ngowezi-2016, lesi sibalo sakuphuka kakhulu saba ngamathani angu-168.

Ngenxa yenkhuthazo nosizo oluvela kuHlelo Lokweskwa nokuThuthukiswa Kwabalimi okwamenza wathola isibonelelo Sohlelo Oluphelelo Lokweskwa Kwezolimo (i-CASP) ngowezi-2015, wakwazi ukubeka isisekelo esiqinile futhi wa-



chuma njengomlimi.

Ukwandisa Nokuhlomisa Abalimi

Uhlelo Lokweskwa Nokuthuthukiswa Kwabalimi luhlose ukwandisa noku-chumisa imiphakathi yabantu ababengabonelelwangaphambilini, ikakhulukazi abahlomuli boholelo Lokwabiwa Kabusha Komhlaba. Lubhekelela abalimi abasafufusa,

abalimela ukuziphilisa, abalimi abancane nabahwebayo.

Umqondisi wezinhlelo ze-zinsizakalo zokuthuthukiswa kwezolimo kuMnyango weZolimo eNtshonalanga Kapa u-Shaheed Martin uthe lolu hlelo selusize abalimi bakwazi ukuzimela.

"Sisiza abalimi kusukela ekuqaleni. Lokhu kusho ukuthi siyabasiza ngenqubo yokufaka izicelo ukuze bathole usizo lwemali yesibonelelo futhi uma lezi zicelo zivunywa, siyabasiza ngokuqala umsebenzi nokukhiquiza," kusho yena.

Uchaze nokuthi umnyango uthatha indlela ephelele futhi unikeza ngokuphelele izinsizakalo zokweskwa kwezolimo, kufaka phakathi ukweskwa ngengqalasi-zinda. **V**

Uma ungumlimi omncane noma umlimi ohwebayo ungashayela ku:
021 808 5111 ukuze uthole ulwazi olithe xaxa ngoHlelo Lokweskwa Nokuthuthukiswa Kwabalimi.

Young female farmer leads in YAFF awards

Keamogetse Kgomanyane

Being born with a disability did not stop Landiswa Diniso from achieving her dream of being a farmer. In fact, it encouraged her to work harder.

The 28-year-old is the owner of Landiswa Diniso Livestock Enterprise in Burgersdorp in the northern part of the Eastern Cape.

She walked away with the Special Ministerial Award for a young entrepreneur living with a disability at the recently held 2018 Youth in Agriculture, Forestry and Fisheries (YAFF) awards.

Diniso was born with a disability in her left leg and has to wear a brace for support. However, she has not allowed

her disability to limit her.

As a young woman who grew up on a farm and later moved to a township in the Eastern Cape, Diniso said her journey into farming started over three years ago when her uncle gave her a calf.

She kept her calf in a grazing area and in 2015 the same animal which was now a cow had a calf. This inspired the farmer to continue in the farming business and she approached the Department of Rural Development and Agrarian Reform for support. She received animal feed and goats to start her business.

Today, the enterprise has grown to include a herd of 10 cattle, seven goats, eight pigs and a small patch where Diniso plants vegetables for the house-

hold and sells the surplus to the local community. This has become a means of livelihood for Diniso and her family.

She wishes to become a successful livestock farmer in the future and become an inspiration to the younger generation.

With the prize money of R50 000 she said it would help her start her goals. "The prize money will really assist my business. I believe farming is important because it creates job opportunities for unemployed youth," said Diniso.


Speaking at the awards ceremony, the Minister for Agriculture, Forestry and Fisheries, Senzeni Zokwana, said the nominees and recipients of the YAFF awards were proof that the youth is interested in the agriculture sector.



Landiswa Diniso working hard to grow her farming business.

I-NHI iwuhlelo lezinsizaka-lo zempilo eziphuculiwe

I-NDP ithi ekuqaliseni ukusebenza kwe-NHI, izinga eliphansi lezinsizakalo zempilo kanye nezindleko ezikhona zezinsizakalo zempilo embonini ezimele kudingeka kubhekanwe nakho.



Un g q o n g q o s h e wezeMpilo uDkt Aaron Motsoaledi uthi uMthethosivivinywa woMshuwalensi wezeMpilo kaZwelone (i-NHI) uzo-thuthukisa izinga lezinsizaka-lo zempilo eNingizimu Afrika. UMotsoaledi ubekhulu-ma kamuva nje enkundleni yabezindaba lapho ambule khona uMthethosivivinywa wokuchibiyelwa kwe-NHI kanye noMthethosivivinywa Wokuchibiyelwa Kwezikimu Zezokwelapha.

Le mithethosivivinywa izophendla indlela yokufikelela kangcono izinsizakalo zempilo nge-NHI.

Umthethosivivinywa uyinguqulo yomthetho ewuhlaka. Imithethosivivinywa eminingi ibhalwa yiminyango kahulumeni ngaphansi kokuqondiswa nguNgqongqoshe ofanelekile. UMthethosivivinywa kufanele ugunyazwe yiKhabhinethi ngaphambi kokuba uthunyelwe ePhalamende.

Ukwethulwakwale Mithethosivivinywa yomibili kusho

ukuthi iNingizimu Afrika isiseduze ekufinyeleleni izinsizakalo zempilo ezingujikelele okusho ukuthi i-NHI maduze nje izoba ngumthetho.

I-NHI yindlela yokuxhasa ngezimali ezoqinisekisa ukuthi zonke izakhamuzi zase-Ningizimu Afrika zihlinzeka ngezinsizakalo zempilo ezibalulekile, kungakhathaliseki isimo sabo sokusebenza kanye nokuthi bazokwazi na ukuba nabakufakayo ngqo esikhwameni.

UMotsoaledi uthe uhulume-

ni wazi kahle kamhlophe ukuthi abanye abantu bakholewa ukuthi ngaphambi kokukhuluma nge-NHI, kunesidingo sokulungisa izinsizakalo zempilo ezikhungweni zokwephapha zikhulumeni ezidonsa kanzima kuqala.

Uthe uhulumeni uzazi kahle izinkinga zekhwalithi embi kanye nokuntuleka koku-sebenza kahle ohlelweni lwezempiro lukahulumeni.

UMotsoaledi uthe Uhlelo Lokuthuthukisa Kwe-zwe (i-NDP) luye lwayigqamisa ngokungananazi nokuthi ekuqaliseni ukusebenza kwe-NHI, izinga eliphansi lezinsizakalo zempilo kanye nezindleko ezikhona zezinsizakalo zempilo embonini ezimele kudingeka kubhekanwe nazo.

Ngenkathi izichibiyelo ezbekisewa kwiMithethosivivinywa zidingidwa, umnya-ngo uzoqalisa ukusebenza okungenani amaphrojekthi amane e-NHI, okuzobanda-kanya izinsizakalo zempilo ezikoleni, izinsizakalo zempilo zalabo abakhubazeke ngokwengqondo, izinsizakalo zempilo zabesifazane abakhulelwe abanezinkinga ngokukhulelwa kwabo ezi-bhedlela ezingama-22 ezithinteka kakhulu kanye nokwelahwa komdlavuza (i-oncology), ngosizo oluqondile eGauteng naKwaZulu-Natali, kodwa futhi nezinye izifunda-

zwe zingashaywa indiva.

UMotsoaledi uphinde wathi izindleko zezinsizakalo zempilo embonini ezimele azifinyeleleki kuzakhamuzi ezingi, njengoba owayeLijaji Eliyinhloko uSandile Ngcobo ebekwe ukuba ahole iKhomishini yezokuNcintisana ukuze kuqhutshwe inhlollo-vo ngezindleko zezinsizakalo zempilo embonini ezimele.

"Izichibiyelo esizethulayo zihlose ukuhlinzeka usizo oludingwa kakhulu yiziguli ezizithola zihlupheka kakhu-lu," kusho yena

UMotsoaledi uthe isichibiyelo sokuqala soMthethosivivinywa sizoqeda ukukhoki-swa kwabantu imali engeziwe.

Izinkohelo ezicazelwa umthengi zichaza ukuthi isikumu sikhokha ingxene ethile yesikweletu umhlinze-ki - kungaba isibhadelo noma udokotela ozimele – ayibize isiguli. Yonke enye ingxene kumele ikhokhwe yisiguli kusuka ephaketheni laso.

Uthi Bewazi?

Ukuthi umnyango usuqede noma uzoqeda ukwakha nokulungisa imitholampilo engama-701 futhi usuchithe imali engaphezu kwezigidigidi zamarandi ezingama-40 ulungiselela i-NHI.

Plans to drastically change TB treatment

THE INTRODUCTION of Bedaquiline has earned South Africa the top spot as the first country in the world to dispense this type of treatment.

Patients with Multi-drug Resistant Tuberculosis (MDR-TB) will now be able to receive life changing treatment as the Department of Health begins its roll-out of Bedaquiline.

According to the department's drug resistant TB director, Norbert Ndjeka Bedaquiline will replace the old regimen, which makes use of injections to administer MDR-TB treatment.

"This means that for the first time, an injection-free

regimen will be recommended for all patients with Rifampicin Resistant Tuberculosis in South Africa. Additionally, patients with MDR-TB will now also receive Bedaquiline as part of a more patient friendly short regimen, which is expected to improve adherence and ensure success," he said.

The introduction of Bedaquiline has earned South Africa the top spot as the first country in the world to dispense this type of treatment.

The department says Be-

daquiline has been hailed for its effective treatment and short turnaround time.

"Treating patients with drug resistant TB was difficult with old medicines, which had many negative side effects and over long periods often up to 24 months."

In addition, the treatment is revered for reducing the number of deaths and having fewer side effects in comparison to its injectable counterpart, which resulted in hearing loss for many MDR-TB patients.



The department began the roll-out of Bedaquiline across the country in July.

"We started the roll-out with facilities that are ready to implement. This will be done in a phase by phase approach. We will then assist

and capacitate those provinces that need assistance," said Ndjeka.

It is anticipated that roll-out across the country will be concluded between the next three to six months.

www.sanews.gov.za